UMFARISI NOMTHELISI

...ngokuba yilowo nalowo oziphakamisayo uyakuthotshiswa; lalowo ozithobayo uzaphakanyiswa.
ULUKA 18:14

Wayesekhuluma lo mfanekiso kwababezithemba ukuthi balungile, bedelela abanye, wathi: “Amadoda amabili akhuphukela ethempelini ukuyokhuleka; omunye engumFarisi, omunye engumthelisi. UmFarisi wema wazikhulekela ngokuthi: “Nkulunkulu, ngiyakubonga ngokuba anginjengabanye abantu, abaphangi, abangalungile, iziphingi, nanjengalo mthelisi. Ngizila ukudla kabili ngeviki, nginikela okweshumi kukho konke enginakho. Kepha umthelisi emi kude wayengafuni nokuphakamisela amehlo akhe ngasezulwini, kodwa washaya isifuba sakhe, ethi: 'Nkulunkulu, ngihawukele mina soni.' Ngithi kini: Lo wehlela endlini yakhe elungisisiwe kunomunye; lalowo ozithobayo uzaphakanyiswa. ULUKA 18:9-14

...akakukhohlwa ukukhala kwabathobekileyo. IHubo 9:12

UJehova uyakunquma zonke izindebe ezithophayo, nolimi olukhuluma izinto ezizidlayo, IHUBO 12:3

Ubusisiwe umuntu obeka uJehova ithemba lakhe, onganaki abazidlayo, nabaphambukela emangeni. IHubo 40:4

Noma uJehova ephakeme, nokho uyambheka ophansi, kepha ozidlayo umazi ekude. IHubo 138:6

Lapho kufika ukuzidla, kufika nehlazo, kepha kwabaphansi kukhona ukuhlakanipha. IZAGA 11:2

Indlu yabaziqhenyayo uJehova uyakuyichitha,
kepha uyawumisa umkhawulo womfelokazi. IZAGA 15:25

Ukumesaba uJehova kungumyalo wokuhlakanipha;
ngaphambi kodumo kukhona ukuthobeka. IZAGA 15:33

Bonke abazidlayo ngenhliziyo bayisinengiso kuJehova;
noma isandla sibambene ngesandla, akayikuyekwa.
IZAGA 16:5

Ukuziqhenya kwandulela ukubhujiswa, nomoya ozidlayo wandulela ukuwa. Kungcono ukuba nomoya othobekile kanye nabathobekileyo kunokwaba impango nabaziqhenyayo. IZAGA 16:18-19

Ngaphambi kokubhujiswa inhliziyo yomuntu iyazidla,
ukuthobeka kwandulela udumo. IZAGA 18:12

Ngokuthobeka nokumesaba uJehova kuyingcebo,
nodumo, nokuphila. IZAGA 22:4

Ukuzigqaja komuntu kuyamthobisa,
kepha othobekileyo onomoya uyahlonishwa. IZAGA 29:23

Omubi ngokuzigqaja kwakhe uyazingela ompofu,
babanjwe ngamasu abawacabangayo. Ngokuba omubi
uyazigabisa ngokufisa kwenhliziyo yakhe, nohahayo
uJehova emzondayo. Omubi ngokuzikhukhumeza kobuso
bakhe akayikufuna uNkulunkulu; uNkulunkulu akekho
kuyo yonke imicabango yakhe. IHubo 10:2-4

Ngokuba ngubani okwenza uhluke komunye na?
futhi yini onayo ongayamukelanga? manje uma wamukele,
uzibongelani kungathi awukayamukeliswanga na?
1 KORINTE 4:7

Kodwa unika umusa owengeziwe. Ngalokho uthi:
“UNkulunkulu umelana nabazidlayo,
kepha abathobekileyo ubapha umusa. UJAKOBE 4:6

Ngokunjalo, nina basha, thobelani amadoda amadala.
Yebo, nonke thobelani omunye komunye, nembathe
ukuthobeka, ngokuba uNkulunkulu umelana nabazidlayo,
kepha abathobekileyo ubapha umusa. Ngakho zithobeni
ngaphansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla,
ukuze aniphakamise ngesikhathi esifaneleyo:
1 PETRU 5:5-6

Ngokuba konke okusezweni, inkanuko yenyama,
nenkanuko yamehlo, nokuzigabisa ngalokhu kuphila,
akuveli kuYise, kodwa kuvela ezweni. 1 JOHANE 2:16